

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

50/2015 Intshumayelo ngesonto 18 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 04. 10. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-1 Joh. 4:21, lithi: **"Yebo lomyalo sinawo, uvela kuNkulunkulu ukuthi othanda yNkulunkulu makathande nomzalwane wakhe."**

1. Iculo - / 158

2.Umkhuleko: Nkosi Nkulunkulu wethu, Jesu Kristu, thina zoni ezimpofu sitshengiswa ngumthetho wakho ukuthi sinecala phambi kwakho, nokho siyabonga kakhulu ngoba usinikile futhi izwi levangeli, eliyizwi lenduduzo ukuthi wena weza, wasifela, wahlula umthetho ngokusigcinela wona, wasivezela obala lonke uthando lwakho khona esiphambanweni, siphe uMoya wakho, sibone izono zethu, sibone wena nentethelelo ngawe, sikuthande, sikwethembe wena wedwa, Msindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Ekes. 20:1-17;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:17-19;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMarku 10:17-27.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ..

5. Iculo 187/156

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 12, 28-34, lithi: "Kwase kusondela omunye wababhali owayebewile bebuzana, eqonda ukuthi wayebaphendulé kahle, wambuza wathi: Ngumuphi umyalo wokuqala kuyo yonke na? UJesu waphendula wathi: Owokuqala ngowokuthi: Yizwa, Israyeli: iNkosi uNkulunkulu wethu, iNkosi, yinye. Woyithanda iNkosi, uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho, nangawo onke amandla akho. Owesibili yiló: Womthanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Awukho omunye umyalo omkhulu kunalé. Umbhali wayesethi kuye: Yebo, Mfundisi, ushilo ngeqiniso ukuthi yinye, ayikho enye ngaphandle kwayo; futhi ukuyithanda yona ngenhliziyo yonke, nangengqondo yonke, nangamandla onke, nokuthanda umakhelwane njengalokhu umuntu

ezithanda yena kudlula yonke iminikelo yokushiswa nemihlatshelo. UJesu embona ukuthi uphendulé ngokuqonda, wathi kuye: Awukude nombuso kaNkulunkulu. Akwabe kusabakho onesibindi sokumbuza.” Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ivangeli lethu lanamuhla liyasifundisa ngomyalo wokuqala, kodwa ukuba siqonde kahle lendaba, siyizwe simelwe sikhulume kuqala ngezitha zikaJesu ezamhlasela zazomlinga ngezilingo ezintathu, kwakunamaqembu amabili ayengezwani, abaFarisi nabaSadusi, babengavumelani, kodwa uma beyocupha uJesu baye kuJesu kanye-kanye, bayezwana umcupha, abeyokwenza okubi bamtshengisa umfanekiso kaKesari bathi: Kufanele sithele? UJesu uthi ningilingelani, uyabachitha ngokuthi nikani uKesari okukaKesari noNkulunkulu okukaNkulunkulu. Hawu, badumala. Okusho ukukhonza yena yedwa nokukhuleka kuye yedwa. Sokuza abaSadusi bona bajikijela ngokuvuka kwabafileyo, nabo uyabachitha, ngokuthi kukhona, ngoba uthi kuMose unguNkulunkulu kaAbrahamu noIsaka noJakobe unguNkulunkulu wabaphilayo, akasiye owabafileyo, noma bezishaya izifuba ngokuthi bayayazi imiBhalo, kodwa kuyabonakala ukuthi abayazi kumbe sithi abayithobeli ukuba ibahole yona. Ngoba ababhali nabaFarisi babe nemithetho emininginingi eminye imincane enganangozi, noma umuntu angayeqa, kukhona nomkhulu kunayo yonke, okungafanele ukuba umuntu aweqe, kungakho umbhali esondela ebuza kanje kuJesu: Yimuphi umyalo wokuqala kuyo yonke na? Omkhulu kunayo yonke ? UJesu uphendula uthi: **“Yizwa, Israyeli: iNkosi uNkulunkulu wethu, iNkosi, yinye!”**

Izulu nomhlaba kudalwe yiNkosi yinye, akekho owayelekelela, nongase acatshangelwe ukusondezwa ukuthi wabalusizo noma umeluleki, kubo bonke abake babakhona, nabakhona ekuxhaseni ngeseluleko, noma ngasizo luni akekho. Ngakho uJesu uthi: LeNkosi okukhona ngayo konke lokhu asiyithande ngayo yonke inhliziyo yethu, nangawo wonke umphefumulo wethu, nangayo yonke ingqondo yethu, nangawo onke amandla ethu, okusho ukuthi womthanda uNkulunkulu, ngoba wakwenza, wabuye wakwenzela nokuningi kokukusiza umphefumulo wakho ungowakhe, ngakho ungadukelani naye, ingqondo yakho, amandla akho nguye, oyikho uyikho ngaye ungathi kophumelela kukho bese umbeka eceleni, usuzibonga wena, usuthi oyikho uyikho ngawe uma usebenzisa umhlabathi uphumelele kahle, bese uzibonga wena awumthandi, khumbula ukuthi wena nalomhlabathi ophumelela kuwo uvela kuye kanye nawo. Simelwe ukusho nje ngoLuthere esiphethweni

sakhe sencazo ngokudalwa ohlamvini lokuqala. "Ngakho konke lokhu kufanele ngimbonge, ngimdumise, ngimkhonze, ngimlalele." UJesu uthi: Owesibili uthi wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena, uma esho umuntu usho owonke wonke, noma ngowaluphi uhlanga ngisho isitha sakho imbala, usithande, singumakhelwane wakho, usithande ngoba sidalwe nguye sikhona ngaye. UJesu uyibeke eceleni yonke lemithetho ebalwa ngababhali nabaFarisi, nesithi thina iyishumi uyiqoqela ndawonye, kodwa ebenganciphisi engasusi lutho kuyo, kodwa uyayicijisa ukuba izwakale kahle, uthi: Thanda uNkulunkulu ngobuwena bakho bonke, thanda umakhelwane ngobuwena bakho bonke, ukubakhona kwami ngikhona ngoba wangithanda ngakho nami, mangimthande, ngikhumbule okhona nami ukhona ngoba emthanda. Pho, mina ngizomzondelani lo uNkulunkulu amthandayo kanye nami na? Lokhu akufanele nonembeza bethu bayasilahla kulokhu, kufana, nakho ukubeka inhliziyi yethu yonke kulokhu okudalwe nguye ukuba kusize kusikhonze, thina besesibeka ithemba lethu lonke kukho, bese sikukhonza, uma kuyinto ezwayo ecabangayo kuyakhala kuyasimangalela kuMdali, ngoba lokho kungubumpumputhe, obadalwa ukulahlekelana noNkulunkulu. Ingelosi yamkhuza uJohane ngokudideka lapho efuna ukukhuleka kuyo, isA. 19, 10; 22, 8-9; **ngoba yinye kuphela ayikho enye iNkosi enguMdali wethu sonke.**

Umbhali wayemukela ngokuphelele imfundiso nencazo kaJesu uthi yebo, Mfundisi uqinisile ukuthi yinye ayikho enye ngaphandle kwayo futhi ukuyithanda yona ngakho konke okwakho, nokumthanda umakhelwane, njengalokhu uzithanda wena kundlula yonke iminikelo yokushiswa nemihlatshelo yokushiswa. UJesu uthi umbhali akakude nombuso wezulu, nathi siyayenza iminikelo nemihlatshelo, ngokuhlupheka, ngokujabula kumbe ngokubonga siyenzele abanye, akukhombi ukubasiza, nokubathanda, kodwa kaningi sikwenza ukuba sihlonishwe, sibe nodumo, nesithunzi, sisukunyelwe, lokho akusikho ukuthanda omunye, akulutho ukuthi ukwenzile, ukwenze ngoba uzithanda wena uzenzele wena.

Thina sonke masivume ngeqiniso ukuthi sehlulekile siwile entandweni kaNkulunkulu asiphumeleli sivume ukuthi Jesu Nkosi, umthetho wakho muhle ulungile futhi uyiqiniso, sendlule kumbhali sibuze sithi senzenjani, ngoba umthetho wakho uyasehlula, noma sizisho ukuthi siseduze nombuso wakho ngombhaphathizo wethu na? UJesu uthi: Woza kimi wena ohlushwa yizono zakho, ongazithandi uthanda okuhle. Okubi esikwenzayo singakuthandi.

UJesu uthembekile, ngoba nguye owanothando lokuthanda abantu bonke, wakhulekela aboni ngisho nezitha zakhe imbala, uma sikujabulela ukwenza kwakhe kube ngokwethu ngokukholwa, ngoba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu wosikhulula emthethweni wezono nowokufa, ngoba akezanga ukuchitha umthetho, kodwa weza ukuwugcwalisa. Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono nangenxa yesono walahla isono enyameni, R 8, 3.

INkosi ayisize, sihambe ngoMoya wayo, siwulandele. UMoya asise kuKristu Jesu, sibone izono zethu, sibalekele kuKristu, siphephele emuseni wakhe, ngoba akukho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu. Amen.

9.Umkhuleko: Nkosi Nkulunkulu, siyabonga izwi lakho elisikhombisa ubuze bethu, siyabonga ukuthi wasithumela iNdodana yakho ethandekayo yasingobela konke okusehlulayo thina, wasenzela konke ngayo. Moya oNgcwele sisize njalo ngevangeli lakho usiyise kuKristu usigcine, usilondoloze eqinisweni levangeli singahlamuki emuseni wakho. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 24/129

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1997 ngu-A. N. Ntuli, yathunywa nango2003 nango2009.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.